**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (20)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (20)

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.
UMBHALO A (OFUNDWAYO)

**Impilo yosaziwayo kayibona ubukhazikhazi**

Umlingisi osemnkantshubomvu emidlalweni kamabonakude, wexwayisa abasafisa ukungena kulo mkhakha ngokuthi impilo yosaziwayo kayibona ubukhazikhazi njengoba iningi licabanga kanjalo. ULerato Mvelase uphawula ukuthi uphila impilo eyejwayelekile njengoba engumama wezingane ozimele futhi ofanayo nabanye. Uthi ngaphandle kokunakekela abantwana, wenza imisebenzi yasendlini, ahambise aphinde alande abantwana esikoleni.

ULerato uphawula ukuthi, izinkundla zokuxhumana zipenda isithombe okungesona ngosaziwayo. Zenza kubukeke sengathi yonke into ihamba kahle, baphila ntofontofo. Abaningi bacabanga ukuthi osaziwayo abenzi lutho emakhaya, kunabantu ebabaqashile abenza yonke into. Empeleni nabo bayashukeka, **babamba beyeka** njengawo wonke umuntu . Wenze isibonelo ngokuthi kuyenzeka umdlalo uboniswe kumabonakude ekubeni umlingisi eseyibhubhudle wayiqeda imali yokusebenza kuwona ngoba baholelwa ngesikhathi umdlalo usaqoshwa.

ULerato ubekhuluma nelinye lamaphephandaba ngomdlalo azobonakala kuwona osihloko sithi, 13 Weeks To Find Mr Right, ozotshengiswa kwiSABC 1 kusuka ngomhla ka-6 kuNhlolanja ngo-19h30. Kulo mdlalo uzokube elingisa indawo yowesifazane ohlonishwayo, osebenza kanzima futhi ofuna imiphumela uma kusetshenzwa. Lona wesifazane ubukeka sengathi yonke into imhambela kahle empilweni yakhe. Uthi impilo yakhe nalo mlingiswa ithi mayicishe ifane. Elandisa ngale ndawo ayidlalayo, uthi imfundise lukhulu ngoba ixoxa ngobudlelwano babesifazane bebodwa ezindaweni zokusebenza, nangobudlelwano bukamama nendodakazi.

Uqhube wathi kumnandi njengoba elingisa indawo eyehlukile kulo mdlalo. Ngokujwayelekile uba ngumuntu onzima *(serious)*, ukukhululeka kuhlekwe nje kwaba into emnandi. Uthi usanda kubuyela esikoleni ukuqhuba izifundo zeBusiness Management eRegenesys Business School. Uthi wenze lesi sinqumo ngoba engafuni ukuzivalela entweni eyodwa.

Isifiso sakhe ukusebenza emva kwamakhamera. “Sengikhulile manje, ngifuna ukuba sendaweni lapho izingane zami zizokwazi ukuthi ziziqhenye ngomama wazo. Ngicabanga ukuthi kungaba wubudedengu ukuthi ngilokhu ngilinde izindawo engizozilingisa, kumele ngikhule manje ngiqale ngizibhalele imidlalo,” kusho Ulerato.

Uthi ufisa ukushintsha umkhakha akuwona, kungabi wukuthi izingane zakhe zixoxa ngokuthi wabe engumlingisi kuphela, kepha zixoxe nangoshintho alwenzile. “Uma kwenzeka izingane zami zingena kulo mkhakha, kumele zijabulele izithelo

zomsebenzi wami. Ukuba nothando lwento kuhle, kepha kumele kuhambisane nokuzibophezela. Ngifuna ukusebenza ikakhulukazi ngemuva kwamakhamera manje, ngibhale, ngiqondise noma ngibe ngumdidiyeli," kusho yena. Uthi unethemba lokuthi indawo azobe eyilingisa kulo mdlalo izomvulela eminye iminyango yezindawo ezithi mazicishe zifane nalena yakamuva.

[sicashunwe ephephandabeni 'Illanga"]

1.1. Umlingiswa uxwayisa abafisa ukungena kumuphi umkhakha? (1)
1.2. Yini ependa isithombe okungesiso lo mlingiswa akhuluma ngayo? (1)
1.3. Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo. (1)

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho.
A. Bayahlupheka
B. Baqasha abantu
C. Bayaselwa
D. Benza imizamo

1.4. Sithini isihloko somdlalo lo mlingiswa azobonakala kuwona? (2)
1.5. Iyiphi indawo (role) azobe eyilingisa uLerato. (2)
1.6. ULerato wenza ziphi izifundo njengoba esebuyele esikoleni? (2)
1.7. Kungani lo mlingiswa efuna ukwenza ushintsho kulo mkhakha. (2)
1.8. Shono isizathu esenza lo mlingiswa abuyele esikoleni. (2)
1.9. Kungani kumjabulisa lo mlingiswa ukuthi kukhululekwe futhi kuhlekwe? (2)
1.10. Shono usuku okuzoqala ngawo umdlalo kaLerato. (1)
1.11. Ngokucabanga kwakho, kungani abantu abaningi bezitshela ukuthi osaziwayo baphila kangcono? (2)
1.12. Ngokubona kwakho, ikuphi okungenziwa ilo mkhakha ukuguqula indlela abantu abacabanga ngayo ngosaziwayo? (2)

**[20]**

## SIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokubalulekile ongakwenza ukufundela izivivinyo.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UKUFUNDELA IZIVIVINYO**

Imiqondo yethu ingakwazi ukuthatha iphinde igcine ulwazi oluningi, kodwa kumele siyinike isikhathi esanele ukuba yenze lokho . Kubalulekile ukuba sizinikeze isikhathi sokufunda esanele ukugwema ingcindezi yokuzama ukubamba ulwazi oluningi sekusele isikhathi esincane sokubhala izivivinyo. Lokhu singakwenza ngokunciphisa isikhathi esisichitha sidlala.

Kuningi okungasisiza sifundele izivivinyo ngempumelelo. Singabala isimo sendawo yokufundela, ukukhanya okukuleyo ndawo kanye nomsindo ongaba khona. Enza isiqiniseko sokuthi ukhetha indawo yokufunda ehambelana nawe futhi ezokwenza ukufunda kube lula. Abanye bathanda ukufundela endaweni ethule, kanti abanye bakhonze ukudlala umculo uma befunda.

Ukusebenzisa amaphepha ezivivinyo ezabhalwa kudala enye yezindlela ongayisebenzisa ukuthola indlela esetshenziswayo ukubuza imibuzo. Ozobhala kufanele aqinisekise ukusebenzisa amaphepha ezivivinyo zakudala ukuzicija. Lokhu kukusiza nangokuthi ujwayele amagama nolimi olusetshenziswa ezivivinyweni uma kubuzwa imibuzo.

Abanye abafundi basiqonda kangcono isifundo uma bexoxa ngaso nabanye. Kubalulekile ukuhlangana nabanye abafundi abenza isifundo esenzayo ukuze nixoxe niphinde nibinisane ngaso. Lokhu kusiza kakhulu uma ubhala ngoba akulula ukuthi ukhohlwe yinto obuxoxa ngayo.

Ingqondo kuyenzeka ikhathale igcine ingasalwamukeli kahle ulwazi olusha. Lokhu kwenzeka uma sifunda ngaphandle kokuthatha ikhefu, nokuyinto engamosha isikhathi. Kubalulekile ukuthatha inhlabakhefu uma sifunda ukuze siphumuze ungqondo. Kule nhlabakhefu singadla, sithole isiphuzo noma sidlale umdlalo othile.

Ukuzihlola enye yezindlela ezibaluleke kakhulu umfundi angazisebenzisa ukuqeqeshela isivivinyo. Ungakwenza lokhu ngokuba ufingqe lokho ozobe usukufundile noma uzakhele imibuzo ozoyiphendula. Enza isiqiniseko sokuthi uhlola ulwazi lwakho uma ufunda. Lokhu kungavuselela ukuzithemba kwakho uphinde ubone lapho ohluleka khona.

Ubuchwepheshe besimanje benza ukuthi abantu abaningi bahlezi bekomakhalekhukhwini besebenzisa izinkundla zokuxhumana. Kukhona izinhlelo zokusebenza (*app*) abafundi angazisebenzisa ukufunda izifundo zabo. Kubalulekile ukuthi abafundi basebenzise ubuchwepheshe besimanje ngendlela ezothuthukisa imfundo yabo. Lokhu kungenza impilo yabo ibe lula.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**[10]**

**ISIQHEPHU C: IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**
Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# KHILESI STATIONERY SUPPLY

**FUNDA, BHALA UPHASE!!!**





Sekufike isikhathi sokuvulwa kwezikole, ngakho-ke sivakashele esitolo sethu i Khilesi Stationery Supply lapho uzothola khona yonke imikhiqizo esezingeni eliphezulu ngamanani aphansi.

*Uma usebenzisa imikhiqizo yethu uzophumelela ngamalengiso!*

Siyatholakala eHillcrest Christian Centre, 2nd floor, Shop Number 44.

Ungasithinta kule nombolo ethi: 031 788 3333

Noma usibhalele i-imeyili: khilesss@gmail.com

3.1. Yini igama lesitolo esidayisa imikhiqizo(product) eveziwe? (1)
3.2. Bhala imikhiqizo emibili oyibona esithombeni. (2)
3.3. Mangaki amantombazane avezwe esithombeni? (1)
3.4. Sithini isiqubulo salesi sikhangiso. (1)
3.5. Chaza ukuthi ayini amanani aphansi. (2)
3.6. Tomula ulimi olukhohlisayo kulesi sikhangisi. (1)
3.7. Bhala izindlela EZIMBILI ongazisebenzisa ukuxhumana nabase Khilesi Stationery Supply. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Fundisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E OFUNDWAYO**

**Kugqame ubumbano lwama-Afrika kowezokuvakasha**

Ubukhangwa yimibala eqhakazile nenhlobonhlobo yemvunulo ikhangiswe ematafuleni ngenkathi ungena embukisweni. Batheleke ngobuningi abantu bevela emazweni ahlukene okubalwa nezwekazi i-Afrika, bazokhangisa ngemikhiqizo yamazwe abo, embukisweni ohlelelwe izinsuku ezintathu kanti uqale ngoLwesibili ofuthi usongwa namuhla. Omunye wabadayisa ngemvunulo nomsebenzi wezandla, uNksz Phindile Cibane, wenkampani iNela Kahle, ohlala eNanda, ukhuthaze abesifazane bohlanga ukuthi bakwazi ukuzimela.

Uthe inkampani yabo ayigcini ngokudayisa ngemikhiqizo kodwa bafundisa nabesilisa ukwenza lo msebenzi ukuze baziphilise. "Kusho lukhulu kimina ukuba yingxenye yalo mbukiso ngoba bengiqala. Kuningi kakhulu engikufundile futhi ulwazi luzongisiza ukuthuthukisa ibhizinisi. Abantu besifazane ikakhulu abancane mabazijwayeze ukuziphilisa ngemisebenzi yezandla ngoba namathuba omsebenzi awekho,'' usho kanjena. UNksz Lindelwa Siyalo, obedlubhe imvunulo yabeSotho odabuka eFree State, uthe ngaphambi kokuba bakutshele imvelaphi kumele yabo uzibonele wena ukuthi ungum'Afrika futhi uyazigqaja ngakho. Uthe umbukiso ngowama-Afrika, ngakho kumele kubonakale nangendlela abagqoka ngayo, abadla ngayo, abakhuluma ngayo ukuthi ngempela bangabase-Afrika.

Umculo obudlalwa kwezinye izitolo ezisembukisweni ubukuthatha ukubeke emazweni ase-Afrika, kanjalo nokudla obekukhangiswa. Bekukhangisa amabhizinisi azimele nezinhlaka ezahlukene zohulumeni bamazwe ase-Afrika. Kukhangiswa ngezindawo zokuvakasha, ezokulala nokudlela, ezokuthutha, imisiko okubalwa neyesintu nokunye okuningi.

4.1. Bhala ukuthi amabizo angezansi angena ngaphansi kwaziphi izigaba?
*Isibonelo: Abantu = isigaba 2*

i) Imibala (1)
ii) Umbukiso (1)
iii) Itafula (1)

4.2. Shono izinhlobo zamabizo alandelayo
*Isibonelo: umculo = ibizonto*

i) I-Afrika (1)
ii) abasebenzi (1)
iii) imikhiqizo (1)

4.3. Guqula amabizo abhalwe ngokugqamile abe isabizwana soqobo. Bhala impendulo kuphela.
Isibonelo : **umculo** ubudlalwa ezitolo.
***wona***

i) **Inkampani** ifundisa nabesilisa. (1)
ii) Ulwazi lusiza **ibhizinisi**. (1)
iii) Abantu badinga **imisebenzi**. (1)

4.4. Shono ukuthi izabizwana ezingezansi zikhomba kuphi (eduze, buqamama noma kude) Bhala impendulo kuphela.

i) **Leyo** nkampani inemikhiqizo emihle. (1)

ii) **Le** ntombazane ithanda ukuvunula. (1)

iii) **Lowaya** nkosikazi owakwaSiyalo. (1)

4.5. Phinda ubhale le misho engezansi bese udwebela isabizwana sokubala.

*Isibonelo: Unkosikazi Lindelwa wafika <u>yedwa.</u>*

i) Umbukiso wadonsa zonke izithameli. (1)

ii) Abesifazane bafike bonke. (1)

4.6. Bhala isiphawulo osibona emishweni engezansi.

*Imvunulo <u>embi</u> ayidayiswanga.*

i) Umsebenzi omuhle uyanconywa. (1)

ii) Bahamba ibanga elide beya eNanda. (1)

4.7. Guqula imisho elandelayo ngokwenkathi onikwe yona kubakaki.

i) Omama bayaziqhenya ngomsebenzi *(inkathi ezayo).* (2)

ii) Uhulumeni uncoma umsebenzi *(inkathi edlule).* (2)